


**Ngu Mongameli
uHenry B. Eyring**
Umkhandlu wokuqala
wobuMongameli Bokuqala



Abangane Abathembekile

Enye yezinto ezinkulu uMsindisi angasinika zona ukuba asibize “ngabangani”. Siyakwazi lokho futhi usithanda ngothando oluphelele kubo bonke abantwana bakaBaba waseZulwini. Kepha kulabo abakholelwayo emisebenzini yabo Naye, Uyasihoxisa lesihloko. Uyakhumbula amazwi kusukela kwisigaba sika 84 kwiMfundiso Nesivumelwano: “Futhi ngithi kuni, bangani bami, ukusukela manje ngizonibiza ngokuthi Bangane, Kubalulekile ukuthi nginikeze kuni lomlayezo, ukuthi nibe nokulingana njengabangane ezinsukwini lapho nginani, ngihamba ukuyoshumayela ivangeli emandleni ami” (D&C 84:77).

Siba abangane Bakhe uma sisiza abanye ngenxa Yakhe. Uyisibonelo esipheleleyo senhlobo yomngane okumele sibe ngiyona. Ufuna kuphela okungcono ebantwaneni bakaBaba Wethu waseZulwini. Injabulo Yabo yinjabulo Yakhe. Uyabazwela usizi njengaBakhe ngoba wahlawulela izono zabo bonke, wathwala kuYena bonke ubuthakathaka bomzimba, wathwalela zonke izinhlopheko futhi wezwa zonke izinkanuko zabo. Izinhloso Zakhe zimsulwa. Akadingi ukwaziwa ngoKwakhe kepha ukunikeza udumo lonke kuBaba Wakhe waseZulwini. Umngane ophelile, uJesusu Krestu, akazicabangeli ngokuphelele yena ngokunika injabulo kwabanye.

Kithina sonke esenza isithembiso ekubhabhadisweni sathembisa ukuthi sizolandela isibonelo Sakhe sokuthwala imithwalo yabanye njengoba Yena enzile (bona uMozaya18:8).

Ezinsukwini ezimbalwa ezizayo uzothola amathuba amaningi okuba ngumngane kuYena. Kungaba yinkathi uhamba emgwaqeni onothuli. Kungaba yinkathi uleli phansi emotweni kaloliwe. Kungaba yinkathi ubheke indawo yokuhlala kumbuthano weBandla. Uma ubhekile, uzobona omunye ephethe umthwalo osindayo. Kungaba umthwalo wosizi noma womzwangedwa noma inhliziyu ebuhlungu. Ingahle ibonakale kuwe kuphela uma uthandazile ukuthi uMoya ukunike amehlo okubona ezinhliziyweni futhi uthembise ukuphakamisa izandla ezilenga phansi.

Impendulo kumthandazo wakho kungaba ubuso bomngane omdala, lowo ongazange umbone eminyakeni kepha izidingo zakhe zifike masinyane engqondweni yakho kanye nasenziliziyweni futhi izwakala sengathi ingeyakho. Ngike ngakuzwa lokho kwenzeka kimina. Abangane abadala bayafinyelela kimina ngalena kwama mayela neminyaka ukunika inkuthazo uma uNkulunkulu kuphela angahle abatshela ngomthwalo wami.

Abaprofethi bakaNkulunkulu abaphilayo basibuzile ukuthi sibe ngabangane abathembekile kulabo abeza

eBandleni njengabaphendukile futhi baye ukuyosiza labo abaphambukileyo. Singakwenza, futhi sizokwenza uma sikhumbula njalo uMsindisi. Uma sifinyelela ekusizeni nasekuphakamiseni umthwalo, Uyafinyelela kanye nathi. Uzosiholeta kulabo abadinga usizo. Uzosibusisa ukuba sizwe lokho abakuzwayo. Njengoba siqikelela emizamweni yethu ukuba sibenzele umsebenzi, sizonikezwa isipho njalo-njalo sokuzwa uthando Lwakhe ngabo. Lokho kuzosipha isibindi namandla okufinyelela njalo-njalo ekuthembakaleni.

Futhi, ngesikhathi naphakade, sizokuzwa injabulo yokwamukelwa ekhampanini yabangane Bakhe abathembekileyo. Ngithandazela lesosibusiso kithina sonke nakulabo esizobasebenzela.

UKUFUNDISA NGALOMLAYEZO

Amalunga emindeni yiwona kakhulukazi avamisile ukubamba iqhaza ngokuqondakalayo uma bebuzwa ngokufuna okuthile ngenkathi befuna encwadini engcwele kanye namazwi wabaprofethi (bona *Ukufundisa, Alukho uBizo Oludlulele* [1999], 55). Njengoba ufunda lesiqeshana, buza amalungu omndeni ukuba bafune imithetho ezobasiza ukuba balungele ukubizwa ngokuthi abangane beNkosi.

Ukufundisa, Alukho uBizo Oludlulele luthi: “Uma unothando olufana nolukaKrestu, uzoba uzilungiselele kangcono ukufundisa ivangeli. Uzoba nogqozi lokusiza abanye ukuba bazi ngoMsindisi futhi balandele Yena” (12). Funa kulesiqeshana imithetho engakusiza wena ukuba ube nguthisha wasekhaya ongcono. Xoxisana nomlingane wakho ngalokhu, futhi ngokuthandaza ucabange ngokuthi ungaba “nabangane abathembekileyo” kanjani kulabo obasebenzelayo.

INTSHA

Indoda Entsha

Ngu Matewu Okabe

Ngangizizwa nginobunzima ngizizwa sengathi ngingaphakathi. Umndeni wami wasuka ngokucacile ngaphesheya kwezwe. Iwodi esangena kuyo yayineqoqo lentsha eningi, kepha lokhu kwaku ngokokuqala ukuthi ngibe “yindoda entsha”. Ingxenye embi kwakungukuthi

ngiya esikoleni esisha, kanti nomcabango masishane wafika engqondweni yami, “Ngubani engizohlala naye ngesikhathi sokudla?” Mhlawumbe ngizobona omunye wasebandleni, kepha angifunanga ukugxambukela etafuleni lomunye umuntu, ikakhulukazi ngoba bengingazi ukuthi bazongifuna lapho!

Usuku lokuqala esikoleni lwabukeka ludonsa isikhathi eside. Ekugcineni insimbi yesikhathi sokudla yakhala. Ngenkathi ngingena kancane ekamelweni lokudla, ngathandaza kuBaba waseZulwini ukuba angisize ngithole omunye umuntu engimaziyo. Ngabheka nxazonke ukubona ukuthi ngingakwazi ukukhumbula noma ubani. Akekho. Ngakho-ke ngenza indlela yami etafuleni engxenyeni ekude kunekamelo lokudla futhi ngadla ukudla kwami.

Ekugcineni ngalo lolusuku ngesikhathi sekilasi lezibalo, ngabona ubuso obujwayelekile. Ngambona ekuseni lobo uDavide endaweni yokufunda. Wangicela ukuba abone uhlelo lwami futhi wathola ukuthi sobabili sinesikhathi sokudla esifanayo. “Heyi, ubukuphi ngesikhathi sokudla namuhla?” washo.

“Ngidle ngasengxenyeni ekude kwekamelo,” Ngaphendula.

“Kuhle, kusasa yiza uhlale nami ngesikhathi sokudla,” washo.

Ngijabulile ngoBaba waseZulwini othandekayo, owaziyo izidingo zethu ngazinye futhi ophendula imithandazo yethu ngayinye. Futhi ngijabulile ngomunye umuntu owayezinikele ngokwelula isandla sobungane. Into elula enjengesimemo ingawenza umehluko wonke.

IZINGANE

uJesu Krestu, Umngane Wethu Ongenasici (ophelele)

UMongameli uEyring wathi uJesu ungumngane wethu ongenasici (ophelele) Nazi izindlela uJesu abonakalisa ubungane obungenasici (obuphelele) kithi.

Ufuna lokho okungcono kithi.

Uyajabula uma sijabulile.

Uzizwa elusizi uma sidangele noma silimele.

Wahlupheka ngenxa yezono zethu ukuze sikwazi ukubuyela kuBaba waseZulwini.

Ukuba Ngumngane kaJesu

UMongameli uEyring wathi singaba ngabangane bakaJesu ngokuba sibe ngabangane kwabanye Ngaye. Dweba imifanekiso yalezi zindlela ezine ongaba ngumngane.

Ungasiza omunye umuntu odangele.
Ungaba ngumngane kulowo muntu onesizungu.
Ungamema omunye umuntu ukuba eze ebandleni.
Ungakwazi ukukhumbula uJesu njalo.



Ukupha umdlandla eMindenini kanye Namakhaya

Funda lamaphepha, futhi ngokuphelele, xoxisana nabodade obavakashelayo. Sebenzisa imibuzo ukuba usize ukupha amandla kodade bakho nokwenza umbuthano womame (Inhlangano Yabesimame Ekhululekileyo) ube yingxenye yempilo yakho.

Ezincwadini ezingcwele:

uGenesisi 18:19; uMozaya 4:15; D&C 93:40; uMose 6:55–58

Ukunika umdlandla kuwo Wonke Amathuba

“Omunye nomunye wethu osendaweni yomndeni ohlukahlukene. Eminye imindenini inomama kanye nobaba nabantwana ekhaya. Abanye abashadikazi abanabo abantwana ekhaya. Amalungu amaningi eBandla awanabalingani babo, futhi abanye bangabazali abangenabalingani. Abanye ngabafelwa noma abafelokazi abahlala bodwa.

“Noma ngabe imindenini yethu ibukeka kanjani, omunye nomunye wethu angasebenza ukupha amandla kwimindenini yethu noma ukusiza ekupheni umdlandla kwabanye.

“[Kanye] Mina ngahlala ekhaya likamzala wami kanye nomndeni wakhe. Ngalobo busuku ngaphambi kokuba abantwana baye kolala, saba nobusuku bomndenini wasekhaya omfushane kanye nendaba ngencwadi engcwele. Ubaba wabo watshelwa ngomndenini kaLehayi nokuthi wabafundisa kanjani abantwana bakhe ukuthi babambelele

baqinise endukwini eyinsimbi, okuyizwi likaNkulunkulu. Ukubambelela uqinise endukwini yensimbi kuzobagcina bephephile futhi kubaholele enjabulweni nasebumnandini. Uma bengayekela induku yensimbi, kuzoba nengozi yokucwila emfuleni onamanzi angcolile.

“Ukukhombisa lokhu ebantwaneni, umama wabo ‘yinduku yensimbi’ okumele babambelele kuyona, futhi ubaba wabo wadlala indima kasathane ukudonsa abantwana ebasusa ekuphepheni kanye nasekujabuleni. Abantwana bayithanda lendaba bafunda futhi ukuthi kubalulekile kangakanani ukubambelela ngokuqinileyo endukwini yensimbi. Emva kwendaba engcwele kwaba yisikhathi somthandazo womndenini. . . .

“Izingcwadi ezingcwele, ubusuku bomndenini wasekhaya, kanye nomthandazo womndenini uzonika umdlandla kumndenini. Sidinga ukuthatha lonke ithuba ekunikeni umdlandla nokukhuthaza omunye nomunye ukuba ahlale endleleni eyiyona.”¹

UBarbara Thompson, oyikhansela lesibili kubuMongameli beNhlangano Yabesimame Ekhululekileyo jikelele.

Ngasemlandweni Wethu

Ukusukela ekuqaleni Inhlangano Yabesimame Ekhululekileyo (umbuthano womame) waba nendima eyidlalayo ekupheni umdlandla kanye namakhaya. Umprofethi uJoseph Smith wafundisa ekuqaleni KwiNhlangano Yabesimame Ekhululekileyo, “Uma uya ekhaya, ungalinge unike isiphambano noma amazwi angemahle kubayeni benu, kepha yenza ukuba umusa, uthando lukaKrestu nothando lwembathe imisebenzi yakho elandelayo.”²

Ngo1914 uMongameli uJoseph F. Smith watshela Inhlangano yabesimame Ekhululekileyo, “Lapho kunokugxekwa khona noma okungenani ukungaqondi ngokuphathelelene nomndenini, . . . lapho lenhlanganiso ikhona noma iseduzane, futhi izibusiso zethempeli ezijwayelekile kanye nogqozi olusenhlanganweni bazilungiselele futhi sebelungele ukubeka imiyalo futhi mayelana naleyomisebenzi ebalulekileyo.”³

AMANOTH

1. uBarbara Thompson, “Isandla Sakhe Sanele,” *Liahona*, uMeyi 2009, 84.
2. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: uJoseph Smith* (2007), 369.
3. *Izifundiso zabaProfethi beBandla: Joseph F. Smith* (1998), xiv, 21–22.

Singenzenjani?

1. Yimiphi imiqondo yokupha umdlandla kwimindeni kanye namakhaya ongabelana ngayo kanye nabodade bakho? Njengoba ucabangisisa mayelana nezinkinga ngamunye, uMoya ungaletsa imiqondo engqondweni yakho.

2. Yikuphi okubalulekile ongakuguqula kulenyanga ukupha umdlandla kangcono umndeni wakho kanye nekhaya?

Ukuthola ulwazi oluningi, iya ku www.reliefsociety.lds.org.